

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA  
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ. WILLIES MCHUNU YOKWETHULA  
UHLELO LOKUPHEPHA NGAMAHOLIDI KAKHISIMUSI NOKWETHULA UHLELO  
LOKWAKHIWA KWEBHULOHO E-BERGVILLE**

*NgolwesiThathu, 9 November 2015*

- Mphathi wohlelo;
- AmaKhosi aseNdlunkulu;
- IMeya yasoKhahlamba uKhansela uSibeko;
- UMphathiswa wezeMpilo, uDokotela uDhlomo;
- IMeya yasoThukela District, uKhansela uMazibuko;
- Usihlalo weKomiti lezokuThutha umfowethu uKaunda;
- Amalungu esiShayamthetho akhona;
- Inkozi yesizwe samaNgwane, uNdabezitha uHlongwane;
- AmaKhansela onke akhona;
- Ubuholi bezinhlaka ezahlukene emiphakathini;
- Izinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi;
- Okhomanda namathimba okugcinwa komthetho;
- Amanxusa ezokuphepha emgwaqeni;
- Abasebenzi beminyango kaHulumeni;
- Abezindaba;
- Umphakathi wonke wase Woodford nasoKhahlamba;

Nginyanibingelela.

Siyabonga kakhulu ukuthi sithole ithuba lokuba sizohlanguka nomphakathi walapha eBergville, kuMasipala wasoKhahlamba, ngaphansi kwesifunda sasoThukela. Sizokhuluma ngezindaba ezithinta ngqo izimpilo zabantu bakithi.

Sibonga nokuthi umphakathi usibekezelele njengoba isikhathi sokuqala kwalomcimbi sesithe ukwedlula kwesijwayelekile.

Lokhu kudalwe ngokuthi umcimbi wanamhlanje uhlanguka izinto ezimbili okuyizona esikhuluma ngazo kakhulu njengoba silapha.

### **Uhlelo lokuPhepha ngalamaHolidi kaDecember**

Okokuqala ngokuthi sethula ngokomthetho uhlelo lwezokuphepha emgwaqeni njengoba sesingene esikhathini samaholidi kaKhisimusi.

Njengoba silapha siqale eMooi River lapho besibheka isimo sezimoto nesabashayeli. Kodwa futhi okunye obekusemqoka bekuwukhuluma nabashayeli sibaqwashise bese sizwa nezinsalelo ababhekana nazo emgwaqeni.

Lolu hlelo siluqale ngokubambisana neminyango nesinhlaka zikaHulumeni ezimbandakanya:

- UMnyango wezeMpilo emkhakheni wosizo lokuqala, ama-Emergency Medical Services (EMS), njengoba nabo kudingeka bankanise zinkalo zonke ngalesi sikhathi;
- UMnyango weNhlalakahle;
- UMnyango wezokuThutha;
- UMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa imiphakathi;
- UTourism KZN (abezokuvakasha); kanye
- NamaPhoyisa nabasebenzi bezokuphepha emgwaqeni nasemiphakathini.

Uma sithi sesingene esikhathini samaholidi kaKhisimusi kusho ukuthi sonke sifisa ukuchitha isikhathi nabathandiweyo bethu. Akekho-ke ongasisola uma sizithathela lelo thuba lokuphumula sijabulele isipho esibaluleke kangaka, okuyimpilo.

Nokho-ke, thina eMnyangweni wezokuThutha namathimba wonke ezimo eziphuthumayo nokuphepha, sizithola kumele sibale izibalo zabantu abalahlekelwa izimpilo zabo ngenxa yezingozi zomgwaqo.

Esikhundleni sokuthi njengemindeneni sichithe isikhathi nabathandiweyo bethu, lesi sikhathi sijika sibe ngesokuzila nokungcwaba abanye bezithandwa zethu.

Umbuzo oye ungifikele ngowokuthi yini engonakala uma iKwaZulu-Natal ingaqeda amaholidi kungekho nowodwa umphefumulo olahlekile? Kodwa ngiyazi ukuthi akukho okungonakala futhi yinto engenzeka leyo. Kuphela nje uma singayeka ukuthatha kancane impilo.

Namhlanje ngithanda ukuphonsela inselelo kithi sonke ukuba sibuyele emuva kwisikompilo lethu loBuntu lapho sazisa khona impilo yomunye umuntu.

Sithi abantu mababe nokuziphatha ngendlela uma besebenzisa umgwaqo, noma ngabe bayashayela noma bahamba ngezinyawo.

Uma ushayela kumele wazi ukuthi kungathatha isikhathi esincane nje sokuhluleka ukubekezela bese udala ingozi engabulala inqwaba yabantu abangenacala.

Vele sihlale sikusho ukuthi izingozi zomgwaqo zidalwa okuhlanganisa:

- Amaphutha abantu, ikakhulukazi abashayelayo;
- Okuhlanganisa ukushayela budedengu;
- Ukuhluleka ukubekezela;
- Ukungahloniphi imithetho yomgwaqo;
- Ukushayela uphuzile;
- Nokuhamba ngezimoto ezingekho esimweni sokuba semgwaqeni.

Sikhuluma nje zilokhu ziphezulu izibalo kule minyaka emibili edlule ngenyanga kaDecember.

Ngo-**2013** kushone abantu abangu-**211** ezingozini ezingu-**222**, kwathi ngo-**2014** kwashona abangu-**230** ezingozini ezingu-**268** esifundazweni. Lokhu kusho ukwenyuka ngamaphesenti angu-**12**.

Nokho ngoJanuary kube nokwehla ngamaphesenti angu-**9** njengoba ngo-2014 kwashona abangu-**47** ezingozini ezingu-**58**, kwathi ngo-2015 baba ngu-**37** abashone nezingozi ezingu-**37**.

Sifisa ukuqhubeka sakhele phezu kwaleyo miphumela kaJanuary, sehlise kakhudlwana futhi nangalo December.

Ukuze sibhekane nazo zonke lezi zinselelo, sesakhe uhlelo oluqinile ngala maholidi lapho sizoqinisekisa ukuphepha emgwaqeni nasebugebengwini jikelele obenzeka emiphakathini.

Sizotshala abasebenzi bezokuphepha abangu-**26 723** kuhlenganisa:

- U-**20 121** we-South African Police Service;
- **1 786** baseThekwini Metro Police;
- **846** bakwa-Department of Transport's Road Traffic Inspectorate;
- U-**1 912** wabasebenzi be-Emergency Medical Services;
- Namasosha e-South African National Defence Force angu-**897**;
- Amavolontiya okulwa nobugebengu angu-**1 337**;
- U-**118** wabasebenzi boMnyango wezaseKhaya;
- U-**58** wophiko lukaShanela (Department of Transport's Public Transport Enforcement Services);
- U-**8** wophiko loMnyango olubhekele imingcele (Cross Border officers); kanye
- No-**10** wabasebenzi ababhekele ukungena kwempahla ezweni (Customs).

Kukhona namanye amaphoyisa omasipala abehlukene azokwengeza kulezi zibalo.

Ekuhlaziyeni izibalo zakamuva, sibone kumele sigxile kakhulu ezintweni ezingu-**8** okumele silwe nazo emkhankasweni wethu:

- Ukubamba inkunzi kuhlonyiwe, ikakhulukazi ema-shopping centre;
- Ukudayiswa kotshwala ezindaweni ezingafanele okugcina kuholela ezehlakalweni zobugebengu;
- Ukuhlukunyezwa kwabesifazane nezingane kanye nabaphila nokukhubazeka;
- Ukubulawa kwamaPhoyisa;
- Kumele siqinise ukuphepha emingceleni;
- Kumele siqinisekise ukulandelwa nokuboshwa kwabasolwa esibafunayo;
- Kumele sigqugquzele imiphakathi ukuba isukume ilwe nobugebengu;
- Bese siqinisa ukugcinwa komthetho emgwaqeni.

Ngithanda ukuphonsela inselelo wonke lamathimba esithi ayi *Multi-Disciplinary Law Enforcement* ukuba enze konke okungasiza ukuphephisa izakhamizi nezivakashi zaKwaZulu-Natal ngalesi sikhathi.

Uma sithi alufakwa KwaZulu-Natal kumele ngempela izenzo zethu zisho kanjalo.

## Ingqalasizinda

Okwesibili esikhuluma ngako namhlanje yilokhu kohlelo lwengqalasizinda yebhuloho esilwethula ngokomthetho emphakathini walapha eWoodford.

Namhlanje sethula uhlelo lokwakhiwa kwebhuloho lomfula iSandpruit River. Sithi sethula umsebenzi wokwakha ngoba akukona ukuthi sizokwenza isithembiso ngokuhlaba isoyi bese siyahamba. Kodwa sizoshiya inkontileka okuyiyona esesiyinike lo msebenzi ngoba nemali yakhona sesiyifakile engu-**R9.1 million**.

Njengoba sikhuluma ngokungena esikhathini samaholidi kaKhisimusi, nalapha sivumelene nenkontileka ukuthi ngeke isaqala manje ukusebenza ngoba abasebenzi sebeyavala kodwa ngomhlaka 11 January 2016 noma kanjani kumele kusuke lokho uqale umsebenzi.

Niyazi kuthi ziningi izindawo ezazingakhelwanga ingqalasizinda noma okwenzeka zakhelwa ingqalasizinda kodwa engekho esimweni ngesikhathi soHulumeni bakudala. UHulumeni wamanje oholwa uKhongolose ubonile ukuthi nalapha isimo sebhulohwana elikhona asisagwinyisi mathe.

Ngakho-ke sithe siyobe asenzanga ubulungiswa uma singalenzanga ibhuloho elizolekelela imiphakathi yendawo ukuba ifinyelele ngokuphepha

- Njenge-Bergville Local Authority Clinic;
- Okhahlamba Provincial Health Ward;
- Nama-Mobile Clinic akwazi ukufika.

Kukhona nezikole nabafundi abazosizakala. Sibala:

- iThokoza High School;
- iJabulani Primary School;
- iWoodford Primary School;
- Ekwaluseni High School;
- Intaba Primary;
- Ebhethani Primary;
- eBergville Christian Academy;
- NeBergville Primary.

Okunye okuba kuhle ngale misebenzi yentuthuko kuba ngamathuba emisebenzi avelayo kubantu bendawo ngenkathi kwakhiwa.

Nalapha nje inkontileka esiyinike umsebenzi iyazi ukuthi kumele iqashe emphakathini wendawo kuleyo misebenzi engadingi amakhono angekho endaweni.

Esiyaye sikugcizelele yikona ukuthi uhlelo lokuqasha akumele lufakwe ipolitiki, sithi abantu mabangabhekwa ukuthi basontaphi ngaphambi kokuba bathole imisebenzi.

Siyazi ukuthi lamathuba esikhuluma ngawo kuba ngawesikhashana ngenkathi kwakhiwa, kodwa yiwona futhi asesize abantu abaningi ngamakhono alekelelayo ekutholeni imisebenzi kwezinye izindawo.

Kanjalo nosonkontileka abancane bagcina sebenomlando abawuvezayo ngezinkampani zabo uma befuna eminye imisebenzi.

Lomsebenzi ungomunye weminingi esesiyenzile, nesiyenzayo nesisazoyenza lapha esifundeni sasoThukela sonkana.

Kuleyo esesiyenzile kuleminyaka edlule singabala:

- Ibhuloho iMawebu River Pedestrian Bridge esilakhe ngo-R3.2 million eMtshezi;
- Msahweni Road eMbabazane owakhiwe ngo-R7.5 million;
- Thonyelana Pedestrian Bridge ku-Ward 5 lapha oKhahlamba elakhiwe ngo-R5.18 million;
- Mnweni Vehicle Bridge khona futhi ku-Ward 5 walapha oKhahlamba elakhiwe ngo-R10.75 million;
- Ndunwane Pedestrian Bridge khona lapha oKhahlamba elakhiwe ngo-R3.4 million;
- NeSahlumbe Vehicle Bridge eNdaka esilakhe ngo-R24.5 million.

Njengamanje umsebenzi wokwakha uyaqhubeka ezindaweni ezahlukene esingabala:

- Imigwaqo ebizwa ngeDraycott Roads eMbabazane lapho sifake khona u-R59 million;
- uD1251 eMqedandaba eMbabazane esifake kuwo u-R33 million;
- uD1252 khona futhi eMqedandaba esifake khona u-R79 million;
- uD69 eZwelisha eMbabazane esifake u-R92.7 million;
- uD1263 khona lapha oKhahlamba esiwakha ngo-R148.1 million;
- D489 eMtshezi owakhiwa ngo-R205.7 million;
- Matiwane Road eMnambithi ngo-R193 million;
- P281 eMhlumayo owakhiwa ngo-R155 million;
- NeFidi River Vehicle Bridge elakhiwe ngo-R18.7 million.

Izinhlelo esesinesiqiniseko ukuthi zizoqala, kusuka ngonyaka ozayo ezinye zazo, singabala:

- uD44 eWatersmeet esizofaka kuwona u-R68 million;
- P280 eWeenen ozodla u-R380 million;
- Mfifiyela Vehicle Bridge lapha oKhahlamba elizokwakhiwa ngo-R7.7 million;
- Emoyeni Vehicle Bridge eLoskop lapho sizofaka u-R11.9 million.

Uma sibheka lezi zinhlelo esizenzayo nesisazoyenza ibalelwa ku-**R493 million** imali esesiyihlelele le minyaka yezimali emithathu kusuka kulona esikuwona.

Kodwa futhi kulo nyaka wezimali esikuwona ka-2015/2016 kunemali engu-**R107.7 million** efakwe emisebenzini yokwakha imigwaqo engenela emiphakathini, *ama-access road*, ukuyigcina isesimweni ngohlelo lukaZibambeke, kanjalo nokuphesha eminye imigwaqo yetiyela esigugile.

Yizona zonke lezi zinto okumele sizichaze ukuze abantu bakithi babe nolwazi ngemisebenzi eyenziwa nguHulumeni abazikhethela wona ukuba ushintshe izimpilo zabo zibe ngcono.

Kuyaye kusijabulise kakhulu-ke futhi ukulokhu sibona ukubambisana okuhle phakathi kwenu njengomphakathi noHulumeni ukuba kulethwe izinhlelo zentuthuko ezindaweni zenu.

Phela sihlale sisho ukuthi ukubambisana kwethu nani yikona okwenza ufezeke kalula umgomo wethu wokuthi sibe nguHulumeni ongagcini nje ngokukhuluma kodwa owenzayo – ohlale ukufeza lokho ozibophezele kukona.

Ngiyafisa-ke ukuba ngithathe leli thuba ngigqugquzele ukuthi njengoba sibheke esikhathini sokuqala imikhankaso yokhetho loHulumeni basekhaya, sengathi ningaziphatha kahle futhi kungabi bikho ohlukumeza omunye ngenxa yokuthi ukhethe enye inhlango.

Uma umuntu ekhethe ukushiya inhlango yakho wakhetha le ephethe uHulumeni ngoba ebona imisebenzi yayo, akumele lowo muntu ajeziswe, kanjalo nabamanye amaqembu kumele bahlonishwe.

Sicela ningasiphoxi, singezwa sekuthiwa kukhona abaphazamise umbuthano wenye inhlango noma sekukhona abavinjiwe bethi babamba imihlango yabo.

Sengathi ningaziphatha kahle, sonke sisebenze ngokubambisana ukukhuculula ubugebengu nabo bonke obunye ububi obukhungekhe imiphakathi yakithi.

Konke kulele emahlombe enu – uma niziphethe kahle futhi niphila ngokuthula intuthuko izolokhu ingenile njalo nibone izimpilo zenu ziba ngcono.

Ngiyabonga.